LANGA LASE NATAL

Ulwesihlanu April 29, 1921.

Isimemo.

UMENYIWE uMafukuzela ukuba aye eParis eFrance emenywa Umholi omkulu wendhlu emnyama eMeleka uDr. W. E. B. DuBois. Lenhlangano ihlanganisa bonke abamnyama bohlobo lwetu abasezizweni zonke. Abase Meleka okuyibona sebe nenkanyiso kunezinye izizwe ezimnyama bangabaholi balenhlangano ebizwa ngokuti iPan-African Congress. Seyake yahlangana ngo-1919 lapo kwakukona isitunywa esi 57 sipuma emazweni a 16, esinhlangotini zonke seAfrica, eMeleka, West Indies, South America naseEurope, lonke iswe lapo umuAfrica esasaka eka waye wafika kona, noma wake waba sigqili, noma eziqingini, lowo onetonsi legazi lomuAfrica, uyanyakaza manje ukuba ahlangane nabakubo balungise izinto ezimbi abapateke ngazo, bafune amasu okuba batole inkululeko epelele nabo babe njengezinye izizwe. Baqope izindhlela zokubambana ngezandhla kuyo yonke imisebenzi epatelele ekupakamiseni umAfrica.

Inhlangano yoqulwa ekuqaliseni kuka September ngako kufanele ukuba niqale ninikele ukuze uMafukuzela atole imali yokukokela umkumbi nezindhleko zamahotela ayobe ehlala kuwo lapo enimele kulowo mhlangano. Usindiso lwetu lukitina nxa sivoyeka imibango, sihlangane nabakiti abanye abasibusayo, abanye abanamaswe asadhla ngengxwembe endala, abanotileyo; belangaselela umuAfrica ukuba apumelele. Nakoke Zulu, kungangani! Siti futi kungaba kuhle nxatshana nabase Free State, Transvaal neCape bengatuma indoda, kuye amadoda amane. Zinkulu izindaba zendhlu emnyama ezoqaqwa lapo.

EZANENO NAPESHEYA

IZIBONELO zaDURBAN.

Indaba eyenziwa yiTeku uKopolo taheni zubonakala ukuti isoqeda onke amadolopo. OwaseJohannesburg unqume ukuti azocela amandhla omteto ePariemende leli elihlangane ukuba utshwala babantu benziwe yibo kupela njengoba kusenziwa eDurban. Bati loku bakwenzela ubadebukele abantu ngoba bepuza izimence ezibabulalayo. bati leyomali bayokwakela ngayo abantu izindhlu zokuhlala njengaseTekwini.

UKUTSHELEKA ABANTU IMALI

Omunye umteto ose usemukwa ngabantu ilowo ezike zatiate ngawo wokutshelekwa kwabantu imali ukuba bayoyisebenzela ngejoyini. Kutiwa loku kuyacoleka ngoba kuvilapiwa abantu bangakwazi ukusilondela imali. Nabelungu bayasola ukuti abantu betata imali bangabe besesebenza kahle noma beqe ingakapeli bese beyoyibuta kwabanye pambili. Umteto lo uti uHulumeni inikwe amandhla okudiya imali nesikati umuntu afanelwe ukunikwa yona ngaso. Kuqondwe ukuba kuye ngokuya use ugcine ngokuqedwa lomkuba.

"ILADA LEZIZWE."

Ukona umlungu osanda kusbamayela amagama amakulu angabonwayo iningi labelungu. Ute lapo ekuluma pambi kweAfrican Society ngomgwaqo wesitimela osuka eKipi uya Egypt wati bayakohlwa umsebenzi omkulu owanziwa abantu. Wati izicebi lezi esiningi zabelungu sabuta umcebo ongaka ngezaa yabantu. Wati kusweleke bangakohlwa yiloko ukuti isitukutuko somuntu omnyama yiso esibecebisileyo, okusweleke nabo babekupule ngento abayidingayo. Wati kuhle kwenziwe into enkulu lapa eAfrica yokusiza abantu enjengokuba kete isitimela ngoba loko bayakudinga abantu. Wati abantu uma bepatwa kahle ungenza okukulu ngabo.

NGA ENZE NJANI?

Kade kutetwa icala ngalapa eLadybrand eFree State leBhuna elafica indoda engotsheni ipesu komkalo layishaya layibulala indoda leyo. Lapo sekutetwa icala yavuma yati yabe itukutele yensiwa ukubona lasosento. Amadoda eJury ati unecala lokubulala bala ijaji 'lati mafe' kepa lacela umusa.

KANTI KUSAGCATSHWA?

Imikuba yokuvela itata isikati eside ukufa. Kutiwa pesheya eNgilande kukona umkuba omdala wokuba iti ingane ebutantu igcatshwe endhlebeni ukuba kwelashwe loko. Kwenziwa wesifazana wendhlu etile loko okuyife lakwabo. Kutiwa beyiswa kona abantwana ubuteputapu. Kufuneka ukushaya umteto wokukunqumisela.

LABO ABAZIYO.

Abantu abazi kahle isu elidhlula onke lokuqeda ubuhlungu nokwelapa ukwenyela nokuputuzeka bagcoba njalo ngesigcobo sobuhlungu sokaChamberlain. Baqinisa ekekuti awuko ofana nawo. Sitengiswe yibo bonke abatengisi.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

NgoMay 1 isinkwa eDurban bela siyoba u9d. esi u2 lb.

—:o:—

Kubikwa uhlobo lwesikonyane esiqeda nemiti embala ngalapa eKoloni.

—:o:—

Sishoywe yisindhlebe ukuti uRev. Mtimkulu usoya eCape Town.

—:o:—

Ngobepoqa umfazi womlungu umuntu onqanyelwe yijeji iminyaka eyishumi nambili ejele nemivimbo eyi15.

—:o:—

Kungati uRev. Matebula usoya eActon Homes uRev. Madewu eya eNdwedwe.

—:o:—

Kasako uEllen Cele waseGroutville indodana kaNjiwane engaseko. Ugule ingcozana kakulu.

—:o:—

Umuzi omkulu kaMahlashana (Sir J. Liege Hullet) usewupe ibandhla laseWeseli ukuba ube yisikole sabafana babelungu eKearsney Estate.

—:o:—

Belahlwa icala oMesisi eGoli beti bayabhula, lakwai yati akako umuntu ongelanda impilo yomuntu. Yati bayeshinga ballagisa isazazi zabantu esingafundile.

—:o:—

Kwaba yisiposiso epepeni elidhlule ukuti umntwana kaChief Ntombela wazalwa ngoApril 4, 1921. Lelo yilanga ashona ngalo, ukuzalwa kwake kwaba ngoNov. 5, 1919.

—:o:—

Upindele ekaya ngomsombuluko eAdams M. S., uMrs. A. Sivetye loku ube ngesifo somtaka dadewabo uMrs. Nzaba eGroutville.

—:o:—

Uke wavela ngaseTekwini ngoMsombuluko uMr. M. M. Gumede umnomuvana wase Adams M. S.

—:o:—

Umkosi omkulu nambla eMkambetini Table Mountain M. S. wokuvula indhlu yeSonto yakona.

—:o:—

Uke wati qu lapa Ohlange ngesonto elidhlule uMr. D. Mck. Malcolm umhloli omkulu wezikole endaweni kaDr. Loram.

—:o:—

Kuswakala ukuba isiqebe kahle iAbantu Social Club eTekwini into kusakalisa ukuba eseleni nomgudu wabantu.

—:o:—

Ohlwini lwamagama esitunywa ku Congress owase P. M. Burg igama lika Mr. M. N. Mfeka labonakala linga M. M. Mfene ngesiposiso.

—:o:—

Waba mkulu umkosi wokuvulwa kwendhlu yeKoliji yeDutch Reformed Church eStofberg, Viljoens Drift ngo March 16 lapo kusofunda kona abantu.

—:o:—

Lisee'kiswe icala lika Mcokofui inkosi yaseMbo. Ubufakazi bukombe ukuti watuma inyanga yaya kubulala uMjila inkosi ababe'ange naye iswe.

—:o:—

Lapo bebuza uPapa wase Roma ukuti yena utini ngalendaba yase-Ireland ute kusaswi loku kungeze luto ukukuluma.

—:o:—

Wasidhlisa ngobake umlungu oyisela eLondon owati uyeshintshela omunye amaBank Note ake eBhanke kanti useyopuma ngomunye umnyango. Wati eti uyapuma sase simpete esika Dalawane. Amacala amlindeleyo kutiwa ayi100.

—:o:—

Ababekona abahlangan'si umlomo ngobuhle bomshado kaMiss Rebecca Zama umsukulu kaMr. Stephen Zama waseNanda eshada noMr. Phil. Tshabalala waseEvaton. Babuza base batele kuMiss S. Kumalo emzini wake omuhle kona.

—:o:—

Kuswakala ukuti abafundisi baseWeseli abapete abamnyama eTekwini basoyiswa kwezinye izindawo uRev. Paulsen uya kwaNongoma noMajosi uya eDundee, izindawo zabonisitwa ngo Rev. C. E. Dent noMsimang.

—:o:—

Indoda peheya isanda kucela isahlukaniso iti baxabana njalo nomfazi kepa uyimele ngomkuba wokuyitela ngesipoki esiyilandelayo emini nasebusuku. Uti esikanina nesinye izihlobo zomfazi.

—:o:—

Insumo yendaba isanda kuvela pesheya lapo isidumbu somuntu salaliswa esontweni kwase kusuku uhlanya lwavula ibhokisi lefaka isidumbu eCup board bate befika betata ibhokisi lwaseluleie pakati lwetuka lwavaka lwashaya omunye wafa uvalo, bate lapo sebeti bayavala isidumbu eCup board balamela isidumbu naso sawa pezu komunye waqaleka uvalo.

IPlazi elitengisayo.

Nginaplazi elitengisayo eli ama Eka ayi158, £3-10/- nge Eka. Linendhlu eyisikwele efuleiwe ngozingi nekishi nesindhlu zabantu ezintatu ezisaqinile. Limamanzi ayisi7 kusuka eZingolweni. Lifanele isikole, kwepolileyo indawo namakapelo amahle.

Lobelani u:

C. MKIZE,
Lugi Farm,
Izingolweni.

Umfana weSangoma.

Kade ngimangala ukuti otisha laba bensiwa yini ukuba bange kwenameli ukufundisa pezu kokuba bakafundele. Ireso engisibone epepeni sokuti kufaneke otisha, siyangibonisa ukuti kanti otisha laba badhliswa ngabo ngempela. Uti kodwa ukona umuntu ongase apile nambla nje uma esebenzela u£10 ngesinyanga esintatu? Amahloni.

o o o

Abafundisi abamhlope beyika ngamahalewa kepa bona abanamahloni okukokela otisha u£10 ngesinyanga esintatu. Abahloli bahole imali eyisabekayo kepa abanamahloni ngamali eholelwa otisha esiKoloni abasib'olaye. Indhlela enhle kambe leyo?

o o o

Basingi otisha engibasiyo asebeshingu pezu ukufundisa bayosisebenzela eminye imisebenzi. Abanye bangofokia', abanye ngamapoyisa. abanye basebenza kubameli abanye bangamabumaba ezinkantolo. Abanye otisha abehlekanipile impela. Bazoshwa yini? Imali. Nambla akabe otisha kwetakekile.

o o o

Siyezwa ukuti abantu baseTekwini bempeta kabi lomfo ompyama ohamba nabelungu baseAmerica abahlola udaba lwemfundo kulelizwe lakiti. Kepa pela umuntu angemangale nje kakala ngoba iTeku likwele abantu abangafundisiwe Abantu abangafundile bacabanga ukuti umuntu omnyama wabuye alibuse leliswe ngokulilwela ngesikali. Umcabango opansi kabi lowo bakweta. Singabe silwa nelanga nxa siti amalangelo eti singawalwela ngesikwepa. Sisitatepi!

o o o

Isingane esifunda nambla sifanelwe imfundo engepezu kwemfundo eyafundwa isingane esapuma esikoleni ngempi kaBambata. ukuze sibe nako ukumela isikati esisayo. Ngaloko ngiqonde ukuti isingane esifunde imfundo eyoseusa sibe nemandhla okulwela leliswe ngobuhlakani obukulu lapo tina singaseko nabobe basekona bobe sebegugile.

o o o

Ngapezu kwako konke kuhle sazi ukuti imfundo enkulu ukuba sisisebenzele, sibe neyetu imali ngoba ibona bakulu baseSilungwini lobo. Uma unemali ungahamba nesikulu kanti imfundo yodwa kumuntu impendula utuqazi lwaze into ehambe izoshwa lonke iswe leli. Ngakoke makube ileyondoda iqiniso ukusebenza ikumbule ukuti ileyonkwali iyaSpandela. Asingabi ifa likasemsele esizweni sapesheya. Abafundayo baqilise imisebenzi yesandhla njengabelungu.

o o o

Ninake Teku nicabanga ukuti eoti sibhisi silibe's amatshwala aise silizuze nje leliswe? Konje senisizakele ngokuti kusofika amaNegro aseAmerica azonilwela? Nitandelani ukwabhenziza ngase njengabafundisi abati mwingasebenseli ukuceba kwamhlabeni, kanti basibambela ematonsi abanzi? Ileyonkwali iyasipandela madoda musani ukulibala isintabumayelo sokuti sisolwelwa abaseAmerica.

ICOMMITTE EYAKETELWA UKUHLELA IZIKALO NEZINQUMO ZOMHLANGANO, 26th March 1921.

Revs. A. S. Mtimkulu, S. D. Simelane, Ngwenya, & A. Matibela; Chiefs S. Mini, W. S. Kumalo; Messrs. W. W. Mtimkulu to act as Secretary. W. P. Tshabalala, W. W. Ndhlovu, M. S. Radebe, Dyer Nzaba, Wm. Bhulose, Abel Ngcobo, J. S. Gumede.

Yabika konke ekutolile kwamukelwa neeConstitution yati yohlangana ngoMay ngoba isikati sokungecela iConstitution sibe sesingaseko, nmhlangano wavuma.

ICommittee eyaketwa ukuyisa izikalo nokubikela uC.N.C. okwensiwe umhlangano leCommittee uCaluza uti konke kwatshiywa esandhleni sikaNhlamvu okuyena oyotabo ilanga eKomitini nozobatshela.

Rev. J. L. Dube, Mr. M. S. Radebe, ,, Mtimkulu, Chief Gamalake Dhlamini, Chief S. Mini, Chief W. Kumalo, Albert Zulu, & Messrs. Dyer Nzaba, Ph. Mtaka, Ph. Ngcongo, Wm. Bhulose, Rev. S. D. Simelane, Mr. Louis Mngadi, W. W. Ndhlovu, Rev. Ngwenya, Dick Mbhele, & M. M. Gumede

Obuza izibongo zikaSolomon,

(KuMhleli weLanga.)

Bayete nkosi,—Ngingomunye walabo abatemela lentombi elumile, uNomalanga. Ngivumele baba kengiti ukupefumula. Ngikala ngesikadhlana kuye uNomalanga kengiti pahla, pahla.

Ngiye ngizwe abadala bati izinkomo zidhliwa, ngokuhlakanipa emakosini. Manje mina ngilapa ezweni lamaBhunu eFreestate, angazi luto ngamakosi akiti. Engikwaziyo—nguMoro bese, noNdara bese. Ngiyacela esingwevini nasemakehleni akiti ukuba angisize. Ngezibongo zoMntwana—Inkosi yohlanga—Inkosi yamabandhla onke Inkosi yamaZulu, Makosi nginganijabhisi.

Yimi,
PAUL M. NHLAPO.

[Osasiyo angamsize uNhlapo sisifake lapa.—Mhl. IL.]

EzaseMgu'ndhlovu.

Seloko kwahlangana umhlangano weNatal Native Congress nezwa noma adhlale ngendhlela esedode ehambene ngendaba. Okubonisa ukuti ibedwe lisabile, intete yomhlangano lentenga. Kwenelasi njalo nadoda imbiza ivutwa ngokukwenziwa.

UChief MaKofeni unendaba ebandhla, like latiwa fahle icala lake iChief Magistrate uCol. Foxon labeye lahlehliswa linyobisa efekazi liyoti lipuma lelipepa iyobe isikulunywe indaba yake. Uzomelwa uMfushane uMr. Renaud waseDurban, Lapo lisaponywa usomelwa uMr. Chadwick waseXobho.

UProfessor Aggrey noDr. Hollenberg bebe nomhlangano omkulu ePresbyterian Church lapo ngolwesitatu elidhlule abantu bebe bevingi indhlu igcwele. Isihlalo besipetwe uBishop Roach. Kukona nondanda uDr. Loram noMr. Wheelwright kaHegana, noCol. Foxon, noRev. LeRoy, noCapt. Slater (Chief Constable); namakosikazi abelungukazi, noRevds. Mtimkulu (ebumushe,) Mfeka, Skillo, Jabavu, Sibisi, Mhlongo, Messrs M. S. Radebe J. S. Gumede, D. Hlabangane, nabo bonke oTeacher besikole salapa eEdendale, Slangspruit, nezingane kusihlwa. Amazwi onse awakulumile uProfessor Aggrey akehlukile nalawo abonakala epepeni lesonto elidhlule umhlangano wase waciteka ngo 10 p.m. Kwenele oTeacher lapo isinto esafililo, A. J. noWilliams, H. W. nasibuse imibono ngemfundo wabona nje naye uProfessor ukuti kuyasa kumaZulu, Iyakuluma emnyama.

Abantu laba [illegible] kakulu sekuti nalapo kungemhlangano wesikolo base besondene isikalo [illegible] yonke imihlangano kubona ekaCongress. Loka ngikasho ngoba kwakunabangasi loto ngemfundo babelise isikalo sabo base batelise, kutiwe ebabuse okwemfundo kupela beyako akobalira isikalo.

Leyondoda eyabalala umfazi ama-Vilakazi kuRetief Street yamhlakaso ngembaso, ate amaJedge naye kayibulawe uma sekutetwe icala, sengati imbangi kwaba kubeqwenmango leloto nje ukuba indoda ikohlwe ukuwatonga ekuleni.

OMr. M. S. Radebe noChief Mini kade baseKimberley emhlanganweni we Wesleyan Conference lapo bemelele lonke ibandhla lameWeseli emhlanganweni weConference.

UMr. Jerome C. Matiwane adhlale lapo eliqondisengase R chmond. Ubabeza izega elingeyise uD. C. ukuti ilbuhlungu, aseye kobona lesu sicamo.

Kade kukona umnumzane womlungu uEarl Haig isikala sampi wenselwe olukulu udubo singesiqonde asake ngoba asiki luto kakulu kusona kodwa siyalubona adamo kwake kwe bekubo.

UMr. S. S. Dambuza kade esaKokstad lapo kwaka enkulu indeli yesikomo, wafike watenga esohlobo nayo. Lendoda ifuyile ngoba ifuye esohlobo.

Esakwa Mbonambi.

Mhleli,

Umkuhlane saipete kabi kalel esikohliwe nje ukusi sisokwenanjeni, angiyazi inyongo engakaye nemiti esiyaiyo sifa nayo. Usateto esinye isingane tina esemhlabeka siyimbeca asivuki nempela. Akusishayele Mfene weSangomo mhlaambe wane ungadewela nekambi elifeneleyo.

Isula seliyama lapo emabhojeni eu isimakaza kabi lemvula neafiee indoda kudhlale imihleti esiko nomame engakweseli kahle, Mpande ko kona.

Siyajabula kakulu akubona uRev. L. Aadvoogaard ebuya kwelipesulu loka abanjiswa abahlungu ebuleka sengati ungcono. Indhlela isikalu kabi nenyaka nje isulu lomise kabi impela kwafa ,ukudhla. Abatola umbila bangasiza beqiqwebe eu abanye sebelala ngamanzi nqeqe alinge libekwa pansi kusalinywa namanje. Fati utshwala abasendile nesindaba sokuzabana sesiyingcomone impela. Angazi noma abebugayi ngoba begula yini loku ngiaho kuyindhlala nje abuputi bayatengwa kona esitolo bagaywe.

Ngake ngati hulukugu ngama Easter holidays ngaya Empangeni. Abantu bakona babukeka bepile ingani bayawabika umkuhlane. Umkosi wepasika wawa muhle kakulu impela umuntu wabonaaje ukuti impela ivakile inkosi. Kwati lapo umfundisi esetata intshumayelo ngokunye nesalukazi esacouela ngasibona esibuka ngawo emabili, kwashiso kwenziwa fati nomnikele angisange ngibone abantu beujabulele kangaka umkosi wabo ngoba uba kashongo umlo kaNero ukuti akunikelwe. Kwasuke isidumo impela banikela bonke ababekona kayajabulisa loko. Alibongwe igama leNkosi. Kodwa kuyahlupa njalo ukubona abanye abantu abahlezi pakati kwamakolwa bangapenduki bahlezi ebunyameni benganakile neve behleka njalo amakolwa. Asibakulekele ukuze nabo babone indhlela.

Siyajabula ukuzwa ukuti uCongress aqube kahle. Pambili Dube ungacasuki njalo baba sisę sibonane.

Kusanda kufika uMr. D. Mtiane evela Emausimtoti, loku pela wayekade eyiHead Teacher Eshowe ngo 1920. Ubeyngesela u1st. Grade Emausimtoti [illegible] esebeyizwa abahlungu. [illegible] ukuba abeye [illegible] emaobonzani wake naye [illegible] bahde unaobeni wake [illegible]. Uyayidumisa imfundo [illegible] yase Mausimtoti.

Kade insizwe isidade lapa Esabonambi ekapaleni kwabangele into eqame nanyane. Abantu abo gamwa babasemane imvume yake ingabo ngapo ngabini banjani Mfene weSangoma na?

Kakona indaba ehlabhisa [illegible] elunsada ingabe ziyayibona nje mededa na ukuba umfana owenye [illegible] ingabi eyibalwa. Uma eatate Bo lapo esiye esokule [illegible]. Lendaba ibanga emabhadi amabi, mayikulelwe impela.

Yimi

P. P. XULU.

Uyependula uRev. Lamula.

(Kumhleli weLanga)

Mhleli, ngivumele ngipendule uMnyayiza. Kangiboni Mr. Mnyayiza ukuti mina ungixuba ngani endabeni kaCaluza noShembe ngumadimoni. Kakukanyi nokungipata kwako kulendaba yako. Okukanyayo ukuti ugonde ukufenyisa lenkulumo yami yokuti: "Ukupakamisa uhlanga olunsundu." Kubonakala loko ngoba wena uti: "UMA ESHOPELA" Futi, okunye kubonakala ukuti, ugonde ukungipoza, uma uti ngokwazi u"A," ngisenza into enkulu kunomuntu obhincayo." Ngicela kuwe Mr. Mnyayiza, wena owazi kusuka ku"A", kuya ku"Z", ukube ungitshele iyako indhlela yokupakamisa uhlanga. Uma ungumholi wabantu, musa ukuba ngumholi oyimpumpute! Musa ukutenga ukutandwa ngabantu ngokubadukisa! "Vuka ukanye, ngokuba ukukanya kwako kufikile." Baningi abadukisa uhlanga ngokuti, malunamatele emasikweni okoko. Kanti bayadukisa. Nabelungu kabanamatelanga esintweni esidonsela uhlanga lwakubo pansi. Uma kwakunjalo, ngabesepansi namanje. Wena ubona ngoba abantu betanda kona loku abakwenza emaBhalekisi nasemaLocations, uti uyabasiza. Mhlaumbe uti, bayakukubonga, bakutande. Yebo, kunganjalo isikashana kona kodwa ngomuso, wosondwa yibo ngoba wa ungumholi oyimpumpute, ingakusola uma usuyiponsa emgodini, ngoba uqoke ukuyihola ingani nawe ungenye! Wena ulingisa umlungu owati: umuntu obhincayo, ongafundile, ungcono kunokolwa elifundileyo. Kwati ngelinye ilanga, wafika ingane yake ihlezi ingayanga esikoleni. Wayishaya, waitetisa, wayituka ngokuti: Wena uyiKafula elibhinca isikumba, elidhlisa, elitanda ukubhuqwaka lingenzi luto, ligcine libe yinja yabo bonke, lingatoli nandibilishi! Wagcina ngokuti: Bheka nanka amaKafula ezula, etola imalana enezme ngoba engazi luto! Mina Mr. Mnyayiza, angikatali noma ungangijivaza kanjani, ngoba ngikuluma izinto eziliqiniso njengoba ilanga liyakupuma kusasa. Noma ungibiza ngo "A," ngiyazi ukuba ngingumusiso wezimfihlakalo (The Professor of the hidden Sciences.)

P. LAMULA

Indhlu edayisayo neudawo.

Insme Rooms esitepa nepasitshi ububanzi nobude bame Rooms 12 by 12 [illegible] pansi [illegible] sula. Yakelwe [illegible]. Inovalelo ehambe amasayidi amaizeta, ububanzi bakavelande 8 feet ngapambi kwayo kutyalwe isimbali (roses) nemiti yokuhlobisa yasebelungwini, nekishi nebhoshi ngasemva.

Indawo amayeka amane kudayisa kanye nemiti yesitelo. AmaOrinji namanantshi nolamula namapetshisi nogwava namapear. imiti yabelungu Umuntu oyitengayo uma akuku inzonye wovanyelwa ukuba akuke ngesikati esemiswe ngesivumelwano. Indawo nesitashi ase Phoenix futi isedube neCollege lao'Ohlange. Wonsi uisoyibona noma ulobele u

H. S. NKWANYANA.
c/o Ohlange College,
Phoenix P. O.

ISAZISO.

Ngilahlekelelwe inja yami ngolwesihlanu eTekwini, umbala wayo urunggu ngokumnyama, ixonti iyibhansi elinoboya obuzi ngqaangazi inkunzi epakeme kakulu. Ngicabanga ukuti yeduka nabantu. Uma kukona oyibonile angaziso.

Yimi,
PUSHELA MNDAWENI.
Amatikwe School,
F. O. Phoenix.

Indaba kaDr. Aggrey.

(Kumhleli weLanga)

Nkosi,

Ngicela isikala epepeni lako [illegible] umAfrica [illegible] 45 [illegible] eGold Coast [illegible] eAfrica. Manje [illegible] eAmerica kutiwa uDr. Aggrey. [illegible] April [illegible] eLocation, [illegible]. Kwakukona [illegible] Dr. McCord, Rev. Abraham, Messrs. C. F. Layman, J. F. Clark, T. J. Chester, [illegible].

Uti uDr. Aggrey, [illegible]

[illegible] Nambianje banetile noko soloko bemi emsebenzini. Noma umuntu engafundiswa kangakanani uma [illegible] isinto esibonakalayo. [illegible]

[illegible] uMr. C. F. Layman, Umpati wendaba zaBantu eTekwini, wabonga amaswi akulunywe indoda yase'Melika, ngoba akombisa ababuzi nababoswayo isinto okusweleke akuba sensiwe ukuze kubekona ukuzwana pakati kwabamnyama nabamhlope.

A. A. KUMALO.

Durban.

Umhlangano kaFunamalungelo.

NguH. C. C. Matiwane.

[illegible]

Yimi,
MANZ'OLWANDHLE ZULU.
Esiwandeneni Home
Hlazakazi M. S.
Isandhlwana.

Ukubhinca kwezintombi.

KuMhleli weLanga.

Ngicela ibalana esinhleni sepepa leduma kungivumele uMr. H. S. M. ngendaba yezintombi ukwevata kwazo amabhayi. Yebo kubi ukubhinca kwamantombazana akiti emvelo. Into eyenza ukuba amantombazana amabhayi awanyase pezu kwamatanga akubone kwenziwa ngabafana okuti nakuba ibhulukwe lilifishane libuye lifingqwe lenyuswe liye lifike emoteshwebeni bese bekipela ihembe ngapandhle kwebhulukwe kuti ima umbona ehamba sengati kabhulukile kuh'e konawakhi. Zonke izinto ziyaboneiwana mina kangisho ukuti amakosi anendaba kuloko ngoba ayazi ukuti yimvelo kaZulu amantombazana abhinca isigege sobuhlala ibhayi lingeko emsimbeni [illegible] nje, abafana babhinca isinene esiyimitshovozana. Into nje uMr. H. S. M. angati uCorporation angafuyesa loko awayeke amantombazana aye kubafana kuqala nawo azokuswa leyondaba ukuti ilanga alivunyelwe ukuba libe sobala. Ngiyema lapo,

Yimi owako,
D. S. DUBE.

Abantu abasebezinile bavama ngokukatazwa ukufa okuhlupayo komoya okusika njengombesa. Abaguliswa yileyoko ngabafuna oka Wood Umuti Ipulumente. Itamo lokugula [illegible] libonakalise usizo lwalo. Litengiswa emaKemisini onke [illegible] onke.